

# UmNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya

## Isikhathi sokuTshala ziKhathizonke ngo-2019 kuya ku-2020

### Abafuyi banxuswe ukuthi bathathe izinyathelo ezingqala ukubhekana nesomiso

IKWAZULU-Natali ihaqwe yisomiso esikhahlameza abafuyile nesikhinyabeza umsebenzi wabo. Izifunda eziningi zibhekene nezinsalelo njengoba kuqala isikhathi sokulima kanti abalimi bala ukhasha namanzi bewagcinela ukuthi banisele ngawo.

Kubafuyi abathintwe yisomiso, umNyango wezoLimo ususungule isikhwama sosizo oluphuthumayo sika-R20 million. Loku kungenxa yemibiko eminingi yemfuyo ebhujiswe yindlala ngenxa yesomiso esidlangane ezindaweni eziningi esifundazweni kusukela ngo-Agasti kuze kube wuNovemba kulo nyaka.

Kulolu sizo oluphuthumayo, u-R17 million uzosetshenziselwa ukuthola ukudla kwemfuyo, kuthi u-R3 million kube owemithi nemishanguzo okuzonikwa abafuyi abathintekayo basemapulazini omhlaba obuyiselwe abanikazi, abanikazi bemfuyo abafuya bewumphakathi nemisebenzi yabalimi neyemfuyo exhaswe wumNyango.

Ngokombiko wophiko loCwaningo nokuBheka iziMo eziPhuthumayo lomNyango, kusukela ngo-Agasti kulo nyaka “imfuyo ibizaca ilandela amadlelo aluhlaza. Ngenxa yaloko imfuyo entekenteke ibhajwa odakeni, isheshe ikhathale, igcine ifile”.

UNgqongqoshe wezoLimo KwaZulu-Natali uNkk Bongiwe Sithole-Moloi uthe nakuba umnyango umatasa uhlola isimo somonakalo odalwe yisomiso ukubheka ukuthi ungakanani kepha abafuyi kufanele babheke indaba yokudayisa imfuyo yabo ezindalini



ukunciphisa umonakalo wokulahlekelwa.

“Eqinisweni, lesi sikhwama sosizo oluphuthumayo ngeke sisize bonke abalimi. Yingakho kuwumqondo ophusile ukuthi abafuyi bacabange ukudayisa ezindalini, babeke imali ebhange noma bathengele imfuyo esele ukudla ngenkathi belinde ukudlula kwesomiso,” kusho uNkk Sithole-Moloi.

Uthe emizamweni yokunciphisa umonakalo wesomiso nokuvuselela ukuhweba ngemfuyo ezindalini, umNyango uzoba nezindali eJozini, eRosboom, KwaBester, eNtabamhlophe, eMadadeni ne-St Paul Feedlot ngoNovemba nangoDisemba kulo nyaka.

UNkk Sithole-Moloi wengeze ngokuthi ukuhlola izinga lomonakalo wesomiso kuzophela ngasekupheleni kukaNovemba kanti umphumela uzocacisa ukuthi kufanele yini umNyango uqale ufake isicelo sokuthi kuthiwe lesi yisikhathi sesimo esiphuthumayo.

### Abalimi baseKZN bathole usizo luka R160m ohlelweni lokuhlinzeka ngemishini yezolimo

UNGQONGQOSHE wezoLimo uNkk Bongiwe Sithole-Moloi ugubhe uSuku lokuDla loMhlaba wonke nomphakathi waseMzimkhulu mhla ka-26 Okthoba.

Ethula inkulumbo yosuku kulo mcimbi, umPhathiswa uNkk Sithole-Moloi uthe ukwethula kwesikhathi sokuTshala ziKhathizonke, okwakungoSepthemba, bekuwukugcwaliseka kwezinhlelo zomNyango zokuqinisekisa ukuthi kunokudla okwenele kuyo yonke imiphakathi yaseKZN.

“Kubekwe isamba esiwu-R160 million sokweseka umsebenzi wokufuya nowezolimo esifundazweni njengoba sibhekene nokuncipha komkhiqizo wokudla. Loku kuzoqinisekisa ukuthi izinto zihamba kahle ekukhiqizweni kokudla, okuzokhuthaza iqhaza labalimi bethu emnothweni wezolimo,” kusho yena.

UNkk Sithole-Moloi utshele izinkumbi zabantu ebezethamele ukuthi ukugubha uSuku lwezokuDla eMhlabeni kumqoka ngoba kugcizelela isidingo sokuqinisekisa ukudla okunempilo, ikakhulukazi ezindaweni zasemakhaya nezakhiwo zasemadolobheni ezintulayo.

Ugcizelele isidingo sokukhiqizwa kokudla okwenele, wathi isizwe kufanele sibe sesimweni sokukwazi ukuzikhiqizela ukudla okwenele kuphinde kube khona

okusalayo.

“Umsebenzi womnyango wukuqinisekisa ukuthi siqeda ububha ngazo zonke izindlela. Izinhlelo zethu zihambisana naleyo nhloso. Sinxusa zonke izakhamuzi eziqotho ukuthi zibambe iqhaza kulo msebenzi omqoka,” kusho yena.

UNkk Sithole-Moloi uthe izinhlelo zomNyango ziyavuselelwa ukuze zihambisane nombono womNyango wezoLimo, okukhona kuzo imisebenzi esequlwini enjengokwandisa umkhiqizo. Ukuqinisekisa loku iKhabhinethi yaseKZN iphakamise ukuhlanganiswa kwezinhlelo eziningi ezingaphansi komNyango.

UNgqongqoshe ubalule ukuthi ukusetshenziswa kokukhiqiza imfuyo kwemiphakathi kungenye yezindlela zokuthuthukisa abalimi abafuya ngokuhlanganyela ukuthi baqhudelana nabalimi abazimele.

Ngaphambi kokuqala komcimbi, uNgqongqoshe wayekade evakashele izinhlelo zomphakathi zezolimo ezixhaswe wumNyango ngosizo lokunisela ukwandisa umkhiqizo wazo.

UNkk Sithole-Moloi unikele ngempahla yokulima emizini ewu-30 ngokohlelo lokusiza imikhankaso yokulima yomphakathi.

### UmNyango uqinise umkhankaso wokufundisa nokugomela isifo samarabi KwaZulu Natali

KUDLANGE izigameko zamarabi kwezinye izindawo zaKwaZulu-Natali. Ezinyangeni ezimbili ezedule kubikwe ukushona kwabantu abane ngenxa yokulunywa yizinja ezinamarabi komasipala bezifunda iLembe, uGu noMgungundovu.

Kulezi zigameko kubalwa ukushona komfana oneminyaka emine wakwaMaphumulo, umuntu wesifazane wase-Trust Feeds oneminyaka ewu-50 nomfana oneminyaka ewu-17 waseZinqoleni nomuntu wesilisa waseShaka's Head oneminyaka ewu-38.

Ukudlanga kwamarabi KwaZulu-Natali kwagcina phakathi kukaJanuwari noSepthemba ngo-2018, lapho kwashona khona abantu abayisishiyagalombili.

Ukubhekana nesimo sokubuya kwamarabi, umNyango wezoLimo waseKZN usunqume ukuqinisa umkhankaso wokufundisa umphakathi ogxile kubanikazi bezilwane ngalesi sifo. Isizathu saloku wukuthi imizamo yokunqanda amarabi ngeke iphumelele uma abanikazi bezilwane bengawenzi umsebenzi wabo wokuqinisekisa ukuthi izinja namakati kuyagonywa.

Ungoti obhekele impilo yezilwane nowungoti ngamarabi kwi-World Health Organisation, u-Kevin le Roux, uthe umnyango obhekele ukwelashwa kwezilwane esifundazweni mancane amathuba okuthi uphumelele ukunqanda amarabi ngaphandle uma wesekwa ngabanikazi bezilwane nabanye abathintekayo esifundazweni sonke.

“Uma bonke abanikazi bezilwane bengathobela umthetho ngokuqinisekisa ukuthi izinja namakati abo kugonyiwe nabo bonke abalunywa yizilwane bathole ukwelashwa ngokushesha, ukuqubuka kwamarabi okudlangile kungaphela nya,” kusho u-Le Roux.

Wengeze ngokuthi nakuba sekugonywe



kuzona zonke izindawo ezimaphakathi neKZN kodwa kusele ezisogwini njengoGu, iTheku, iLembe, eJozini, e-King Cetshwayo naseZululand, kanti sekuthunyelwe izimoto eziwu-22 khona.

UNgqongqoshe womNyango wezoLimo, uNkk Bongiwe Sithole-Moloi, uthe kumanje ukubhehetheka kwamarabi umnyango ukuthatha njengesimo esiphuthumayo kanti uzothumela isicelo kuhulumeni kazwelonke ukuthi uyibheke ngalelo so.

“Ngenxa yokuthi lapho okunamarabi khona kufa abantu, sinqume ukuqala ngokuphucula imitholampilo yokugoma kulezi zindawo ezithinteka kakhulu, sazithatha njengezindawo ezidinga ukusukunyelwa. Kepha sizolandela yonke imigudu ekufakeni isicelo kuhulumeni kazwelonke ukuthi lesi simo sithathwe njengesiphuthumayo,” kusho uNkk Sithole-Moloi.

Selokhu umNyango waqala umkhankaso wawo omkhulu wokugoma eNdwedwe, eThekwini naseLembe (lapho okwabikwa khona izigameko ezintsha ngo-Okthoba 2017) sekugonywe izinja namakati okungaphezu kuka-70 000.

### Leli balazwe liveza indlela umNyango wezoLimo obuka ngayo izitshalo futhi liveza ukuthi izindawo zesifundazwe zifanelwe yiziphi izitshalo.

